Kodwa kwakungekho lutho lapho, kwakukhona izicathulo zabazali bakhe nje eduze nodonga, kanye nendishi yamanzi kaMdlwane kumata omncane. U-Onke wanyonyoba kukhaphethi ephaseji, wadlula igumbi lokulala labazali bakhe, wase elunguza ekhishini.

Isipoki! esho ememeza, ekhanyisa ithoshi esithunzini esimnyama esime eduze kwesitofu. Isipoki sasigqoke amaphijama aluhlaza okwesibhakabhaka anezimvu kuwo.

Amaphijama kaGogo
lawo, kusho u-Onke.
Uwantshontsheleni
amaphijama kaGogo,
Sipoki? U-Onke
wakhanyisa ithoshi
lakhe ukuze abuke
ubuso besipoki.
KwakuwuGogo!

Onke, kusho Gogo,
esekhamisile nje
ngenxa yokwethuka.
Waze wangethusa.
Bengicabanga
ukuthi uyisipoki.

Bengicabanga ukuthi
nguwe oyisipoki,
kusho u-Onke,
egigitheka. Wenzani
ekhishini ebusuku
kangaka, Gogo?

Bengingakwazi ukulala, kusho uGogo, ngakho-ke ngize ngeza ekhishini ukuze ngizitholele ubisi olushisayo kanye namabhisikidi. Ngabe ufuna ukuzitholela okokubamba umoya kwaphakathi namabili nami? U-Onke wamamatheka wase enqekuzisa ikhanda lakhe.

Ngakho yena kanye noGogo bahlala etafuleni lasekhishini bexoxela phansi bede begcobhoza amabhisikidi aklamuzelayo ezinkomishini ezinobisi olushisayo. Base bezenzela isemishi elithosiwe abazokwabelana ngalo, eline-ham, ushizi, utamatisi, kanye nolethisi oluhlaza omusha.

Lapho sebeqedile ukudla nokuphuza, baxubha amazinyo abo okwesibili ngalobo busuku. U-Onke wabe esefisela uGogo ubuthongo obumnandi wase ebuyela egunjini lakhe lokulala. Lapho evula umnyango, uMdlwane wagxuma wase ekhonkotha.

“We Mdlwane,” kusho u-Onke, emumbambatha ekhanda, “yimina nje. Ngabe ubucabanga ukuthi ngiyisipoki?”

UMdlwane wakhotha ubuso bakhe wase ephenduka engutsheni yakhe ebomvu.

“Ngisombulule impicabadala kusihlwa nje. Ngabe ubukwazi lokho, Mdlwane?” kubuza u-Onke.

Kodwa uMdlwane wayesezigoqile wase evala amehlo akhe.

“Kubukeka kuyisu elihle lokho,” kusho u-Onke. “Ulale kahle, Mdlwane.”

VEZA UBUCIKO BAKHO!

Inja ka-Onke, uMdlwane wayephupha. Khuthaza izingane zakho ukuthi zidwebe isithombe sikaMdlwane elele bese uzicela ukuthi zifake ibhamuza lomcabango elinesithombe esikhombisa lokho uMdlwane aphupha ngako.

Isipoki esigqoke amaphijama kaGogo

Indaba kaKai Tuomi • Imidwebo nguMagriet Brink noLeo Daly

Ezibonakalayo

Inja ka-Onke uPuppy ibiphupha. Dweba isithombe sikaPuppy ezunywe ubuthongo bese udweba ifu elikhombisa ukucabanga elinesithombe esibonisa ukuthi yini uPuppy abephupha ngayo.

Ukufunda

Yiba umphenyi wendaba! Thola amagama endatshaneni angakutshela ukuthi:

- ekuqaleni kwendaba u-Onke ubesewaxubhile kakade amazinyo akhe ngaphambi kokuthi ayolala
- u-Onke ucabanga ukuthi ubengase azizwe esaba kancane ukube bekazi ukuthi yini ebibanga umsindo omvusile
- wazizwa esaba ngesikhathi ebuka phansi ephaseshi elimnyama
- wacabanga ukuthi isipoki besigqoke amaphijama kagogo
- uPuppy wayezumeke zwi embhedeni ka-Onke sonke isikhathi u-Onke ayesekhishini ngaso.

Ukubhala

Bhala indatshana yakho eyethusayo ephathelene nokuthile okwenzeka ebusuku.



Umsebenzi wezandla

Yini ongathanda ukuyidla njengesidlo esilula phakathi kwamabili? Sebenzisa inhlama yokudlala noma ubumba ukuze uzenzele ukudla okulula kwaphakathi kwamabili.

Ukusebenza

Zingaki izindlela ezihlukahlukene ongazithola zokuba isipoki esethusayo? Gqokani njengezipoki bese niyashintshana ekuthusaneni. Ucabanga ukuthi izipoki ezinomusa ziphathana kanjani? Kulingise lokhu.